**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA AMABHULOHO IMNWENI NETHONYELANI E-BERGVILLE NGOLWESIBILI MHLAKA 12 APRIL 2013**

Mphathi wohlelo;
INkosi yaseMaNgwaneni;
Amakhosi wonke akhona;
AmaLungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yoMkhandlu wasoKhahlamba;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomNyango ziholwa iNhloko yawo uGumbi;
Imboni yokuthutha umphakathi;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sesiphinde sathola leli thuba lokuhlangana nomphakathi walapha oKhahlamba sizokuthi egameni lomNyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natali, halala ngentuthuko eqondene nale ndawo yaseMaNgwaneni.

Into engihlaba umxhwele kakhulu ngosuku lwanamhlanje ngukuthi lufakazela esihlale sikusho ukuthi umgomo wethu njengomNyango wezokuThutha lapha KwaZulu-Natal uthi uma sesike sangena saletha i-*project* endaweni sisuke singeke sisaphuma kuze kube umphakathi uyayithola yonke imigwaqo namabhriji owadingayo.

Bheka ngoba namhlanje umhlaka 12 April 2013, sizokwedlulisa ngokomthetho eNkosini yaMaNgwane nesizwe sayo amabhuloho amabili esazibophezela ngokuwakha ngomhlaka 19 April 2011.

Namhlanje sizokuthi nanka amabhuloho azoqinisekisa ukuthi umphakathi, ikakhulukazi abafundi abanganeno nabangaphesheya komfula iThonyelana, sebezokwazi ukufinyelela ezikoleni iVuma High School, iNsetheni Primary School, iThonyelana Primary School, iMondisa Primary, iQhozo High School, iSandokuvukela Primary, i-Gloeckner Memorial Senior Primary ne-Khali High School kanye nasemitholampilo.

Sithi nanka amabhuloho azoqinisekisa ukuthi imiphakathi yaseSandlwana ehlukaniswe umfula uMnweni nomphakathi waseManzana usuzoxhumana kalula ngenxa yebhriji lezimoto esesilakhe emfuleni uMnweni.

Umsebenzi wokwakha la mabhuloho udle imali engu-R16 million, njengoba eThonyelana sifake u-R11 million kwathi eMnweni safaka u-R5 million.

Sifisa ukubonga-ke futhi ukuthi siwubonile uqhubeka nomgomo wethu wokuthi uhlelo lokwakha lonke kumele luqinisekise ukunika amathuba emisebenzi kubantu bendawo.

.

Abalelwa emashumini amahlanu (50) amathuba avelile kubantu bendawo ngala ma-project, okusho ukuthi sekunabantu abathole ulwazi asebezokwazi ukulusebenzisa futhi lubasize uma sebefuna umsebenzi esikhathini esizayo.

Phela la mathuba esisuke sikhuluma ngawo, yebo wona angawesikhashana, kodwa ayalekelela ukucija abantu ngamakhono nesipiliyoni ukuze basizakale baqasheke nakwezinye izindawo

Njengoba ngike ngakuveza ukuthi umgomo wethu uthi uma sesingenile endaweni asibe sisaphuma, ukuza kwethu lapha eMaNgwaneni namhlanje kuphinda kuhambisane nokuzibophezela kwethu ukwakha ibhuloho elizowela izimoto nabahamba ngezinyawo emfuleni iNsetheni.

Leli bhuloho lona lizoxhumanisa imiphakathi ehlala ezigodini zaseMabhulesini, iDulini neNondweni. Lizosiza nangokwenza lula ukufinyelela ezindaweni zokuvakasha kule ndawo njengaMangwane Valley, Mnweni Rock Pools, Cycad, Grass Cutters, Jubilee Caves neDrakensberg Amphitheatre.

Lo msebenzi uzohambisana nokwakhiwa komgwaqo oya kulona ibhriji bese kulungiswa neminye imigwaqo engezansi konke esikubekele imali engu-R35.7 million. Le project izoqala kuwona lo nyaka wezimali ka-2013/2014 kanti abalelwa ku-156 amathuba emisebenzi azodaleka kubantu bendawo.

Sesiyathemba-ke futhi ukuthi ngeke siphoxeke nakulokhu ngokuthi kubekhona abafuna ukunika abantu amathuba emisebenzi ngokuthi bangabaliphi iqembi lepolitiki.

Ngaphandle kwala ma-project esize ngawo lapha namhlanje siyathanda ukuveza ukuthi miningi eminye imisebenzi esiyenzayo ezindaweni zamakhosi ngaphansi kwalo Mkhandlu wasoKhahlamba.

Njengoba sazi ukuthi izimvula ezihlale ziza ngamawala ezikhathini ezithile zishiya umonakalo ongakanani emigwaqeni yethu eminye evele isimidala kakhulu kulesi fundazwe, njengomNyango sisemkhankasweni omkhulu wokulungisa imigwaqo yetiyela eyonakele, lokhu esithi i-blacktop patching.

Lapha nje oKhahlamba kulo nyaka wezimali esiwuqalayo ka-2013/2014 sesifake imali engu-R6 million ukwenza lo msebenzi. Imigwaqo ethintekayo ihlanganisa u-P340 ku-Ward 11; P11 ku-Ward 1; P30 ku-Ward 11; P10 ku-Ward 13; P394 ku-Ward 13; P180 ku-Ward 1; P181 ku-Ward 1; P304 ku-Ward 8; P288 ku-Ward 4; P519 ku-Ward 1; uD119 ku-Ward 1 noD184 khona futhi ku-Ward 1.

Asizogcina lapho ngoba nakulena yobhuqu sizoqhubeka nokuyilungisa siyifake nenkwali kabusha ngemali engu-R12 million. Phakathi kwaleyo migwaqo kukhona uP182 noD278  ku-Ward 1 bese kuba uP341noP388 ku-Ward 7.

Ikhona nemigwaqo emisha yobhuqu esesifake u-R6.250 million ukuba yakhiwe lapha oKhahlamba. Leyo migwaqo ihlanganisa u-Conniston Extention Local Road noKholokazana Local Road ku-Ward 2; uThokoza Extention Local Road noMission Local Road ku-Ward 11 bese kuba uMaye Local Road ku-Ward 4.

Konke lokhu kusho ukuthi uma sihlanganisa nalo msebenzi ebesiphendula isoyi lawo namhlanje, ingu-R60 million imali esizoyishiya emphakathini wasoKhahlamba ukuba yenze imisebenzi yengqalasizinda yomgwaqo ngalo nyaka wezimali ka-2013/2014.

Kodwa futhi uma sibheka yonke imisebenzi yokwakhiwa kwemigwaqo nokugcinwa kwayo isesimweni esifundeni sasoThukela sonke, ingu-R221 million imali esesiyifakile kulo nyaka wezimali ka-2013/2014.

Kule misebenzi kulindeleke ukuba kudaleke amathuba emisebenzi abalelwa ku-400 kubantu bendawo. Ngaphezu kwalokho kuzovela amathuba angu-256 kosontileka bakaZibambele, okusho ukuthi imindeni eminingi izokwazi ukuxosha ikati eziko.

Konke-ke lokhu esikuchazayo sikwenza ngoba kubalulekile phela ukuze abantu bakithi bazi ukuthi kungani njengoHulumeni sihlale sibabonga ngokusibekezelela kwabo. Siyazi ukuthi kuningi esesikwenzile kodwa futhi kusekuningi okusamele sikwenze, yinqobo nje uma sibambisene.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana koHulumeni basekhaya nowesifundazwe. Akumele intuthuko ibanjezelwe ngukuthi amakhansela nabasebenzi boMasipala abathile abafuni ukubambisana nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Kumele sisukume sibambe iqhaza ohlelweni oselwaqhamuka noHulumeni wesifundazwe lokulekelela imiphakathi ukuba ibhekane nezinselelo ngokuhlanganyela, esilubiza ngokuthi u-*Operation Sukuma Sakhe*.

Ngalolu hlelo sigcizelela ukuthi izinto zidingidwe ezingeni leWadi lapho abantu behlala khona. Noma ngabe hlobo luni losizo oludingeka kuHulumeni, okungaba okazwelonke, owesifundazwe noma umasipala, indaba iqala khona lapha.

Ngenxa yokuthi umsebenzi owenziwa kulolu hlelo ufana nempi yokulwa nezinkinga ezikhungethe abantu ngokwehlukana, izigcawu okuhlanganelwa kuzona sizibiza ngama-*war room*. Njengoba sonke-ke lapha sivela emaWadini athile, kumele wonke umuntu ayazi i-*war room* yangakubo.

Kulama *war room* kumele sibike ngobugebengu esibaziyo obenzeka lapho sihlala khona. Sibike ngokuhlumezeka kwabesifazane nezingane okwenziwa ikakhulukazi ngabantu besilisa lapho sihlala khona.

Sengiphetha ngifisa ukugcina ngokugcizelela indaba ehlale isikhathaza kulo mNyango, okungeyokuphepha emgwaqeni. Njengoba lapha bengikhuluma ngemigwaqo esiyakhayo nje, kuba yinkinga uma sesiyakhile imigwaqo yaba mihle bese ijika iba inkundla yokuchitheka kwegazi.

Ngakho-ke kubalulekile ukuba sivumelane njengezakhamuzi nomuntu ngamunye walapha Okhahlamba ukuthi akukho gazi elizochitheka ngenxa yethu emigwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona.

Masivumelane ukuthi lo nyaka kuzoba ngowokuqopha umlando lapho sizokwehlisa izibalo zokufa kwabantu emgwaqeni ngendlela engakaze ibonwe esifundazweni sethu. Lokho singakwenza uma sibambisene sizibophezela ukuthi sizovuselela onembeza bethu singayephuli imithetho yomgwaqo.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

